# Inkosi, amadodana ayo nenyoni ezinyawana ziluhlaza okwesibhakabhaka

Ixoxwa nguPhumlani Mavimbela
Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly
Ihunyushwe nguMalungi Mbhele



Kudalo uKhahlamba lwalwaziwa njengeNtaba Enkulu kanti inkosi yayivame ukukhwela ifinyelele esicongweni sayo namadodana ayo ayengamawele, uKhahlamba noThukela, ukuze iwabonise uMfula Omkhulu namasimu asezansi.

"Ngelinye ilanga wonke lo mhlaba uyoba ngowenu ukuba niwubuse, futhi abantu bethu bayobheka kinina ukuba nibahole," kwakuye kusho inkosi.

Amadodana ayo ayevele anqekuze amakhanda nje uma uyise esho lokhu, kodwa athe lapho ekhula, izinto zaguquka. Ngelinye ilanga ntambama abafana bamlandela uyise benyuka bebheke entabeni njengenjwayelo; le esicongweni sentaba waphinde wabatshela ukuthi ngelinye ilanga babezobusa. Kulokhu, esikhundleni sokunqekuzisa amakhanda, bambuza uyise.

"Kodwa, baba," kuqala uKhahlamba, "ubani phakathi kwethu oyomkhetha ukuba abuse?"

"Yebo, baba," kwengeza uThukela, "ukhetha bani?"

Inkosi yamangala nje. Yayingakwazi ukuphendula amadodana ayo. Ngakho, esikhundleni sokuphendula yathi, "Ilanga seliyashona, sekufanele sihambe."

Emva kwesikhathi eside, imibuzo yamadodana ayo yayihlupha inkosi. Ebusuku, yayilokhu iphenduphenduka kanti emini, yayihlala yodwa ilokhu icabanga ngale mibuzo. Ayikwazanga ukunquma ukuthi iyiphi yamadodana ayo okwakufanele ibuse ngoba yayiwathanda womabili. Yayingakaze icabange ukuthi ngelinye ilanga kwakuyodingeka ukuba ikhethe phakathi kwawo.

Ekuseni ngelinye ilanga inkosi yabiza abeluleki bayo.

"Nkosi, usibizile," basho ngenkathi bengena bekhothama eqhugwaneni.

"Ngidinga ukwazi ukuthi iyiphi phakathi kwamadodana ami enicabanga ukuthi kufanele ibuse emva kwami," kusho inkosi.

Ababili babeluleki abane bathi, "Kufanele ukhethe uKhahlamba, Nkosi. Unesibindi futhi unamandla, njengawe."

Laba abanye abeluleki ababili baphendula bathi, "Nkosi, kufanele ukhethe uThukela. Unobuhlakani, njengawe."

Kwaqophiswana kanjalo, into eyashiya inkosi idideke kakhulu kunakuqala.

Ngalobo busuku phakathi kwamabili, ngenkathi inkosi ilele, inyoni ezinyawo ziluhlaza yandizela eqhugwaneni lenkosi yase ihlala eduze kwayo.



"Nkosi," ikhuleka.

Inkosi yagxuma yabamba umkhonto wayo. "Ubani lo ofika ebusuku kangaka?" ibuza.

"Nkosi," kwasho inyoni, "ukhathazekile, yingakho ngilapha nje yikhona ngizokusiza."

"Kodwa wena uyinto enezimpaphe nomlomo wezinyoni nje, mina ungangisiza kanjani?" kubuza inkosi.

"Ngingaguquka ngibe yinoma yisiphi isilwane, esikhulu noma esincane. Ngingakusiza," kusho inyoni.


Inkosi yayihlakaniphe kakhulu futhi yayazi ukuthi akubona ubuhlakani ukuthemba inyoni ekwazi ukuphenduka ibe yinoma yisiphi isilwane. Kodwa yayisafuna ukwazi ukuthi inyoni le yayihlele ukuthi ingasiza kanjani, ngakho yathi, "Khuluma, ngilalele."

"Ngobusuku besivuno uyothumela amadodana akho kimina. Leyo eyobuya, yiyona eyoba yinkosi," kusho inyoni.

"Bese kwenzekani-ke kuleyo engabuyanga?" kubuza inkosi.

Inyoni ayizange iwuphendule lo mbuzo kunalokho yathi, "Ngethembe, nkosi enkulu, ngiyazi mina." Lapho-ke inyoni yabhakuzisa amaphiko ayo yandiza yahamba ishiya inkosi ikhungatheke kakhulu kunakuqala.

Ithe lapho ivuka inkosi ngakusasa ekuseni, yathumela ukuba ibizelwe amadodana ayo. "Ngilalelisiseni ngoba lokhu ngizokusho kanye kuphela," kwasho inkosi. "Ekuseni ngelanga lesivuno ngifuna nithathe umkhonto wami nihambe niyozingela umgankla. Ningeqeli ngaleya komhlaba wethu futhi niqiniseke ukuthi ningilethela umgankla lowo phakathi kwamabili."



"Yebo, baba," kwasho amadodana enkosi ngokuzithoba.

Ekuseni ngelanga lesivuno, amadodana avuka entathakusa aya ehlathini nomkhonto kayise njengalokhu ayewatshelile. Akekho omunye owayazi lapho ayeya khona nokuthi ayeyokwenzani ngaphandle kukayise.

Phakathi kwamabili, inyoni ezinyawo ziluhlaza yandizela eqhugwaneni lenkosi. Yafica inkosi ihlezi, ilindele amadodana ayo ukuba abuye.

"Nkosi," kukhuleka inyoni, "Ngiwafunile amadodana akho, kodwa angiwatholanga. Uwafihlile yini, nkosi enkulu?"

"Ngikhaliphe kabi ukuba ngingethemba wena, Mamlambo," kusho inkosi.

"Ini? Waze kanjani ukuthi yimina?" kwabuza inyoni, kodwa manje isho ngomsindo ohwahwazayo kunokutshiloza okwenyoni.

"UMamlambo ukuphela kwesidalwa esikwazi ukuphenduka sibe ngezinye izilwane," kuphendula inkosi.

"Cha, uyinkosi ekhaliphe ngempela! Okubi nje ukuthi manje uzohlupheka!" kusho inyoni ngenkathi ibhakuzisa iphiko layo lakwesobunxele qede iphenduka inyoka enkulu esongene yagcwala iqhugwane.



"*Ssss*! Ngabe u-u-unikele ngeyodwa yama-ma-madodana akho," kwasho lesi sidalwa sibhaxula umsila waso sizithandela enkosini.

"Angikwesabi!" kumemeza inkosi.

"Si-sizobona phela nga-ngalokho," kwasho uMamlambo ecindezela inkosi kakhulu futhi.

Ekugcineni inkosi yayingasakwazi ukubekezela. "Kulungile … sengiyanikezela … ngizokutshela …," yasho iklinyeka.

"Kwakuhle, nkosi encanyana," kubhuqa uMamlambo. "Aphi amadodana akho?"

"Ngiwathumele ukuba ayozingela. Ayofuna umgankla. Uma ungaphenduka ube ngumgankla uzowabona engena lapha eze kuwena," kusho inkosi.

Isidalwa lesi sashaya umsila waso saphenduka saba ngumgankla!

"Aphi?" kubuza uMamlambo.

Ngokushesha uKhahlamba wagulukudela eqhugwaneni waciba umkhonto wenkosi. UMamlambo wazama ukuwuvika, kodwa washibilika, umkhonto wangena ohlangothini lwakhe. UMamlambo wamemeza kakhulu kangangoba iqhugwane leli lazamazama, "Ungiphambile! Manje-ke sengizophenduka ngibe yinyoka enkulu kunalokhu!"



UMamlambo washaya phansi wabe eseguquka. Kodwa esikhundleni sokuguquka abe yinyoka enkulu, waphenduka waba yintuthwane encanyana! Intuthwane yathi pha pha izama ukubaleka, kodwa uThukela wayihlifiza ngonyawo kwabe kuyaphela njalo ngoMamlambo! Amakhosana amabili amsindisa kanjalo uyise.

"Naze kanjani nobabili ukuthi kukhona obekungahambi kahle?" inkosi yabuza amadodana ayo.

"UThukela ubehlakaniphe ngokwanele ukwazi ukuthi imigankla ayitholakali kule ndawo yangakithi, ngakho sabona ukuthi eqinisweni ubufuna ukusixosha kuze kube phakathi kwamabili, kanti lokho kwenze sasola ukuthi kukhona okushaya amanzi," kuphendula uKhahlamba.

Inkosi yaziqhenya kakhulu ngamadodana ayo. Ngosuku olulandelayo yaqamba iNtaba Enkulu ngokuthi, *uKhahlamba* noMfula Omkhulu ngokuthi, *uThukela*. Kwathi-ke uma sekuyisikhathi esifanele, yenza isiqiniseko sokuthi isihlalo sobukhosi abelana ngaso womabili amadodana ayo.

Kuze kube namhlanje, intaba enkulukazi nomfula kusabizwa ngokuthi *izintaba zoKhahlamba noThukela*.

Qhubeka nokufunda! Uma uyithokozele le ndaba, ungakhohlwa ukuvakashela iwebhusayithi yethu (www.nalibali.org) wandise iqoqo lakho lezindaba zabantwana MAHHALA.

Story powered schools

# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo ongawasebenzisa kule ndaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- Ekhasini elikhulu, dweba isithombe senkosi bese ubhala ukuthi, "OFUNWAYO: INKOSI ENTSHA". Njengendlela yokwethula indaba, khombisa izingane ipheshana bese uthi, "Uma bekufanele ukhethe inkosi entsha, ubungathanda ukuthi ibe njani?" Khuthaza izingane ukuthi zixoxe ngezimpawu ezicabanga ukuthi inkosi kufanele ibe nazo nokuthi kungani.
- Ngemva kokuba senifunde le ndaba, xoxani ngesinqumo senkosi sokukhetha womabili amadodana ayo ukuba abuse. Cela izingane ukuthi zabelane ngemibono yazo ngalokhu futhi zisho ukuthi ukube kwakuyizo inkosi zaziyokwenzenjani zona.
- Phakamisa ukuthi izingane zidwebe ingxenye yendaba lapho uMamlambo ephenduke waba yintuthwane khona, noma nanoma iyiphi ingxenye yendaba eziyithande kakhulu zona.
- Nikeza izingane ubumba noma inhlama yokudlala bese uzitshela zakhe esinye sezilwane uMamlambo aguqukele kuzona endabeni.
- Nindawonye lingisani umdlalo wale ndaba. Vumela ezinye zezingane zikhethe ukuba ngumlingiswa osendabeni – inkosi, uKhahlamba, uThukela, abeluleki benkosi abane kanye noMamlambo njengenyoni, inyoka, umgankla nentuthwane. Vumela ezinye izingane zibe ngabalandi abafunda indaba ngenkathi abalingiswa beyilingisa.

# Mayelana nephrojekthi ye-*Story Powered Schools*

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-*Story Powered Schools* yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundo, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).



Izikole eziyingxenye yephrojekthi ye-*Story Powered Schools* zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

basic education
Department: Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

USAID
EVELA KUBANTU BASEMELIKA

Nal'ibali
Kuqala ngendaba exoxwayo...